

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2023

AMAMAKI: 100

SIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-8.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba	(50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho ngamaphuzu (uhlaka) noma ngebalazwe (*mind map*), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyelulekwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80	
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40	
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30	
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.
10. UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo, ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

1.1 Sekuyabonakala ukuthi Sonke Lesi Sikhathi Ubephila Impilo Yamanga. [50]

1.2 Ukubaluleka Kokuphana Izipho. [50]

1.3 Qaphela Amazwi Owakhulumayo ngoba Ayokubuyela Ngelinye Ilanga. [50]

1.4 Imithetho Eqinile Ingalakha noma Ilibhidlize Ikusasa Lomuntu. [50]


1.5 Ilungelo Lokuthenga Utshwala Kufanele Liqale Kubantu Abaneminyaka Yobudala Esukela kwengama-21.

Uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono ongenhla? [50]

Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7 NOMA 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.7



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.8



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV) NENCWADI EYISIPHELEKEZELO

Ubone isikhangiso esilandelayo kuFacebook:

Unazo izincwadi zokushayela isithuthuthu?

EGoza Restoranti bafuna abantu abazodiliva ukudla ezindaweni ezahlukenene.

Phuthuma uthumele **ikharikhulamu vithaye (CV)** kanye **nencwadi eyisiphelekezelelo** kule mininingwane elandelayo:

Nkk. GC Goza, 26 Sazi Crescent, Malvern, Pretoria, 0001, ingakapheli inyanga kaNovemba.

Bhala **ikharikhulamu vithaye (CV)** kanye **nencwadi eyisiphelekezelelo** ukuze ube sethubeni lokuthola umsebenzi okhangisiwe. **[30]**

2.2 UMLANDO NGOMUFI

Isihlobo sakho uVusi Mhlongo ushone ngokukhulu ukuzuma. Umndeni ucele ukuba ubhale umlando wakhe.

Bhala **umlando ngomufi**. **[30]**

2.3 INDATSHANA YEPHEPHANDABA

Bhala **indatshana yephephandaba** ngalesi sihloko esilandelayo:

Nginawo Amasu/Amaqhaingana Okulwa Nalabo Abadayisa Izidakamizwa. **[30]**

2.4 INKULUMO ELUNGISELELWE

Ungu-DJ osezakhele igama elihle nohlonishwa emazweni amaningi. Isikole owawufunda kusona sikucele ukuba uzoba yisikhulumi esiqavile emcimbini wokukhuthaza abafundi bebanga le-10 kuya kwele-12.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozoyethula kulo mcimbi. **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 ISIKHANGISO

Uvule indawo yokulungisa izinwele/isaluni.

Bhala **isikhangiso** esihehayo ukuze uthole amakhasimende.

[20]**3.2 UMYALEZO OMFISHANE (Facebook)**

Buka umyalezo omfishane olandelayo bese ubhala impendulo uBusi aphenhule ngayo umngani wakhe u-Ayanda Goba.




QIKELELA: Akubalulekile ukudweba umakhalekhukhwini uma ubhala impendulo.

[20]

3.3 **INKOMBANDLELA**

Umzala wakho ufuna ukuya Kwamuhle Home Affairs kodwa indlela eya khona akayazi.

Buka umdwebo osekhasini elilandelayo bese umbhalela **inkombandlela** azoyisebenzisa ukusuka erenke yamabhasi aze ayofika Kwamuhle Home Affairs elandela imicibisholo.



[Sicashunwe ku-www.google.com sase sihunyushwa] [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100